PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# BEKA UVO LWAKHO

## UMTHETHOSIVIVINYWA WE-EJENSI KAZWELONKE YENGQALASIZINDA YAMANZI [B24B – 2023]:

### IZETHULO KANYE NOKULALELWA KWAZO

Ikomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuBusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (Amanzi, Ukuthuthwa Kwendle kanye Nokuhlaliswa Kwabantu) limema ababambe iqhaza kanye nabanentshisekelo ukuba balethe imibono ebhalwe phansi mayelana nezinhloso **zoMthethosivivinywa We-Ejensi KaZwelonke Yengqalasizinda Yamanzi [B24B – 2023]**:

**Inhloso yoMthethosivivinywa uku:**

- Ukuhlinzekela ngokusungulwa kwe-Ejensi KaZwelonke Yengqalasizinda YaseNingizimu Afrika njengenkampani kahulumeni kanye nesikhungo esikhulu somphakathi.
- Ukuhlinzekela ngezinhloso nangemisebenzi ye-Ejensi; ukuhlinzeka ngokubuswa kwe-Ejensi ngokuqoka iBhodi le-Ejensi.
- Ukuhlinzekela ngokuqokwa kwesiKhulu esiPhezulu (CEO) kanye nesiKhulu sezeZimali se-Ejensi (CFO).
- Ukuhlinzekela ngezezimali ze-Ejensi, ukubika ngezezimali, nokuziphendulela kwe-Ejensi ngokusebenza kwayo.
- Ukuhlinzekela ngokudluliswa kwengqalasizinda yemithombo yamanzi kazwelonke; ukuhlinzekela ngokudluliswa kwe-Trans-Caledon Tunnel Authority ifakwe ngaphansi kwe-Ejensi.
- Ukuhlinzekela ngokuhlakazwa kwe-Trans-Caledon Tunnel Authority; ukuhlinzekela ngamandla kuNgqongqoshe mayelana ne-Ejensi.
- Ukuhlinzekela ngokwenziwa kwemithethonqubo kanye nokuhlinzeka ngezindaba ezihambisana nalokho.

Abantu abanentshisekelo kanye namaqembu afuna ukubeka imibono ayacelwa ukuba athumele izethulo kwiKomidi ngaphambi **komhlazi-7 ka uNhlaba wezi 202**4.

Amalungu omphakathi kanye nababambe iqhaza abafisa ukuthola amakhophi alo mthetho, bangaxhumana nesikhungo esiqondene nokuShicilelwa kwezincwadi zikaHulumeni oseduzane naso noma uNobhala weKomidi kulezinombolo ezikhonjiswe ngezansi.

Zonke izincwadi kufanele zibhekiswe kuMnu. T SC Dodovu, USihlalo: Ikomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuBusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (Amanzi, Ukuthuthwa Kwendle kanye Nokuhlaliswa Kwabantu) futhi ziqondiswe kuMnu. T M Manele, PO Box 15, Parliament, Cape Town, 8000. Izethulo kufanele zedluliselwe kule-Imeyili elandelayo: **tmmanele@parliament.gov.za** Imininingwane ingaqondiswa kuMnu. T M Manele kwiselula: **083 709 8534**

**Ikhishwe ngu- TSC Dodovu, ILungu LePhalamende, USihlalo: Ikomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzokuBusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (Amanzi, Ukuthuthwa Kwendle kanye Nokuhlaliswa Kwabantu**

**IPhalamende – Ukulandelela ukuzibophezela kwethu Ebantwini Ukwenza ikusasa lakho lisebenze kangcono**

www.ayandambanga.co.za
150638 ISOLEZWE ISIZULU